

**uChungechunge Lwezifundo zeBhayibheli
Zakwa Church Land Programme**



ISINGENISO

LOLUCHUNGECHUNGE LWEZIFUNDO zeBhayibheli zakwa Church Land Programme luhlose ukusiza abaphathi bamabandla, amabandla nemiphakathi. Lezizifundo zizokwenza sibuke ngendlela edingekayo nephathekayo izihloko ngamalungelo abantu abangenamihlaba bebambisene noNkulunkulu.

Sicela uqale ufunde lesingeniso ngaphambi kokuba uqhubeke nezfundo.

Umlando

ICLP YINHLANGANO yaseNingizimu Afrika ezimele, esebezasana nabantu, namabandla nomhlaba. Izimisele ukuthuthukisa izimpilo zabantu abathintekayo ngezemihlaba namabandla anemihlaba, ibhekelela kakhulu abesifazane nabampofu. Iyabhekelela futhi ukusetshenziswa kwemihlaba ngendlela eqhubekayo ukuze kuzuze izizukulwane ezizayo. Ngokubheka umlando wethu i-CLP ikhuthaza ubulungiswa kwezemihlaba nokuvuselewa kwezolimo isiza amabandla nemiphakathi ukucabanga ngobudlelwano babo nomhlaba. Lokhu kubalulekile ngoba ukunikezwa komhlaba akuqinisekile eMzansi Africa. Noma sesinenkululeko iminyaka engaphezu kweyishumi, ukuphathwa komhlaba nokusetshenziswa kwavo kusancinke ezindleleni zomlando wobandlululo.

ICLP ikhuthaza, igqugquzele amabandla (abaholi namalunga) ukuze babenobudlelwano nemiphakathi ngendlela entsha ekhuthaza ubulungiswa okuvuselewa kwezolimo nokuqedu ubumpofu.

ICLP yenza lezizifundo zeBhayibheli ukuze izisebenzise futhi zisetshenziswe amabandla nemiphakathi nokuphendula isicelo se *Land Matters Project (Uhlelo Iwe Kwazulu-Natal Christian Council ne Kwazulu-Natal Church Leaders' Group)*. I *Land Matters Project* yazizwela isidingo sokubakhona kwemibhalo engasiza abantu babhekane nezinselelo zezomhlaba KwaZulu-Natal. Lezizifundo zenziwe ngobudlelwano ne Ujamma Centre for Biblical and Theological Community Development and Research e nyunivesi yakwaZulu-Natal, zihloliwe zenziwa emabandleni nasemiphakathini ehlukahlukene. Ngokuqala konyaka ka 2006 sekunezfundo eziwuchungechunge ezine, kunesifiso sokuthi lezizifundo zandiswe ngokuzayo.

Izinhoso

LEZIZIFUNDO zebhayibheli eziwuchungechunge zihlose ukuba:

- Zinikeze amabandla (abaholi namalunga) amasikompilo nokukhathalela okuseBhayibhelini ngezomhlaba. (e.g. ukukhathalela abampofu nobulungiswa).
- Zinike amabandla (abaholi namalunga) izifundo zeBhayibheli ezilungele ukusiza kubhekwanne ngendlela esebezayo neyaphambili nezomhlaba eNingizimu Africa.
- Yenze abakulezizifundo bakhanyelwe ngezimo zemihlaba futhi icacise ukuthi iBhayibheli lithini ngezomhlaba.



- Ukusiza abakulezizifundo baxoxisane ngezomhlaba emiphakathini nasemabandleni. Ihlose ukunikeza ingqalasizizinda kulabo abenza lezizifundo ukuze babelane baxoxisane ngokubenzekele nemizwa yabo ngezomhlaba.

Kufiswa ukuthi uma lezinhloso zingafezeka kuqoqeka abafunda lezizifundo. Kufiswa ukuthi abantu namabandla babe nesibindi sokumela, bakhuthalele ukusetshenziswa ngobulungiswa komhlaba emiphakathini.

Zingasetshenziswa kanjani lezizifundo?

LEZIZIFUNDO eziwuchungchunge ziysiqa lo kubantu abafisa ukukhula ekuqondeni kabanzi ngezomhlaba. Okulandelayo kutshengisa indlela yokusebenza:

- Noma lezizifundo zenziwa esifundazweni sakwaZulu-Natal, eMzansi Afrika, azizona ezokusetshenziswa lapha kuphela. Wamukelekile ukuthi uzisebenzise nasendaweni yangakini.
- Noma ngubani wamukelekile ukuhlela, benzise lezizifundo. Akuzona ezokwenziswa abafundisi noma abagcotshwa kuphela.
- Lezizifundo zingasentshenziswa ngazinye noma njengochungechunge.
- Zingenziwa nanoma ingaluphi ulimi.
- Indlela yalezizifundo ngeyokuxosisana nokwenza. Lokhu kusho ukuthi zenziwe ngokuqonda ukuthi wonke umuntu ozenzayo unokuhlakanipha negalelo


elibalulekile – izimpendulo akuzona ezomuntu oyedwa. Uma lezizifundo zenziwa akufanele kubesengathi kusesikoleni kepha kumele kube khona ukuxoxisana ngokulinganayo.

- Ngalokho loyo ohlela lezizifundo akabi njengo mfundisi kepha njengo msizi. Lokho kusho ukuthi indima yakhe eyokukhuthaza abanye bathele esivivaneni ukuze uhlelo luqhubekele phambili, kungakhulumi yena yedwa.
- Imibuzo esetshenziswayo ayinazo izimpendulo ezhleliwe. Abantu nomsizi bakhuthazwa ukuba bacabange baxoxisane ukuthi lithini itekisi ngezimpilo zabo.
- Ukwenza lezizifundo kungenza kukhuphuke imimoya kubantu. Lokhu kungoba umhlaba nobudlelwano bethu nawo uyinto ebukhuni kwabanangi. Umsizi kuyodingeka akulungele lokho futhi azwelane nezidingo zabantu. Kungadingeka nokuthola ikhefu singakapheli isifundo.
- Izibonakaliso ezithile ziyasetshenziswa kulo lonke uchungechunge lwalezifundo. Zisho into efanayo zonke izikhathi zisetshenziswa. Lezibonakaliso zichaziwe ekhasini elilandelayo ukusiza ukuthi uziqonde.
- Uma usuke wasebenzisa esinye sezifundo kuloluchungechunge, uCLP angathanda ukuzwa ngalokho. Singathanda ukuzwa ukuthi isifundo sihambe kanjani, umphumela ube yini, singenza kanjani sibengcono? Uma ungathanda ukuxhumana neCLP ngalokhu singathanda uphendule ikhasi leNhlolovo ekupheleni kwalezizifundo bese uposela iCLP.



Incazelo Ngezimpawu Ezisetshenziswe Kulolu

Chungechunge Lezizifundo Zebhayibheli

	Lesisibonakaliso sisho ukuqala kwesifundo sebhayibheli esisha.
	Lesithombe sewashi sitshengisa isikhathi esikaliwe ukuqedo isifundo. Kuyalinganiswa-nje abanye abantu bangathatha ngaphezulu kwesikhathi esilinganisiwe kanti abanye basheshe ukuqedo. Umsizi kufanele agweme ukushusha abantu lokhu kungahle kwenze abantu bangatholi incazelo egcwele.
	Isithombe sencwadi evuliwe sisho itekisi elisemqoka, noma lapho kuzobhekwa khona (incwadi, isahluko noma ivesi) eBhayibhelini. Itekisi elibalulekile liyisisekelo sesifundo ngasiye. Abafundi bayacelwa ukubheka ukuthi amavesi etekisini ahlobana kanjani nezimpilo zabo.
	Isithombe sezincwadi nezinto zokubhala sisho ukuthi yiziphi izinsizakusebenza ezidingekeyo esifundweni ngasinye. Uzodinga ukubanazo lezizinto ngaphambi kokuqala kwesifundo, kwesinye isikhathi kuzodingeka uzisebenzise ngaphambili ukulungiselela isifundo.
	Isithombe sesandla esibhalayo sisitshela ukuthi yini umsizi adinga ukuyilungiselela ngaphambi kwesifundo. Noma abafundi bethela esivivaneni kakhulu esifundweni, umsizi kungamsiza ukucabanga ngesihloko nesifundo ngaphambi kwesikhathi.
	Loluphawu lukhomba ukuthi kumelwe kufundelwe abantu itekisi elisemqoka. Enye indlela enhle eyokusebenza abantu abasesifundweni ukuba bafunde itekisi. Qiniseka ukukhetha umuntu onezwi eliphakeme neliqinile ukuze bonke abantu bezwe.
	Loluphawu lomfanekiso wolwazi olubarulekile lunikeza umsizi ulwazi olwengeziwe. Lokhu kungahle kube ulwazi olungacacile ekuqaleni kwesifundo noma kungaba ulwazi olwengeziwe lwetekisi esemqoka noma umlando walo.
	Isixuku sabantu abaxoxayo bezungeze itafula sisho ukuthi abantu kudingeka bahlukane babe ngamaqembu amancane ukuze baxoxisane. Ukuxoxisana kusho ukuthi wonke umuntu unethuba lokukhuluma nelokulalelana. Lamaqembu amancane kungadingeka athole izimpendulo zeminye imibuzo nokuhlela abazokwenza ukuqhubelela phambili.
	Loluphawu lusko ukuthi umsizi unikezwa umbono omuhle. Noma umbono omuhle ungekhomqoka ekuqedeni isifundo nokho ungasiza esifundweni. Kukumsizi ukusebenza noma angasebenzisi umbono omuhle.
	Uphawu lombuzo lunikeza incazelo yamagama noma umbono ongabanzima ukuwuqonda. Lezizincazelo ezomsizi nabo bonke abantu.
	Lomfanekiso usho ukuphela kwesifundo sebhayibheli. Esifundweni ngasinye kunombono wokuthi kungaqedwa kanjani?



Assessment for Church Land Programme (CLP)

1. Lithini igama lakho nenombolo yakho yocingo?
2. Uphuma kuliphi idolobha noma umphakathi?
3. Uphuma kuliphi ibandla?
4. Yisiphi isifundo seBhayibheli kuloluchungechunge osisebenzisile?
5. Yiziphi izimo emphakathini noma ebandleni lakho ezikwenze wasebenzisa lesosifundo?
6. Bangaki abantu okade unabo kulesosifundo seBhayibheli?
7. Yisiphi isigaba sesifundo seBhayibheli abantu abasithole silula ukusenza?
8. Yisiphi isigaba sesifundo seBhayibheli abantu abasethole sibukhuni ukusenza?
9. Yiziphi izinto eziqavile abantu abazithole kulezizifundo?
10. Yiziphi izinto abantu asebezozenza njengoba sebenze lezizifundo?



11. Yini wena njengomsizi oyithole ilusiza ngendlela eyenziwe ngayo imibhalo yezifundo?

12. Yini wena njengomsizi oyithole inzima ngendlela eyenziwe ngayo imibhalo yezifundo?

13. Yiziphi ezinye izifundo ohlela ukuzisebenzisa?

14. Yiziphi ezinye zezifundo zeBhayibheli ngezomhlaba ezingasiza wena, ibandla lakho nomphakathi wakho?

Siyabonga ukugcwalisa lemibuzo.

Sicela uposele noma ufake esikhahlamezini lefomu:

Church Land Programme

Suite 23 Postnet

Private Bag X9005

Pietermaritzburg 3200

Fax Number: (033) 345-5368

Email address: clp@churchland.co.za

